

ISAZISO SOKUFAKWA KWESICELO SEMVUME

UHLELO OLUHLONGOZWAYO LOKWAKHA UMGWAQO OBIZWA NTATSHANA EMTHWALUME NGAPHANSI KUKAMASIPALA WOMKHANDLU WASE MZUMBE ONGAPHANSI WESIFUNDA SASE UGU. IZINOMBOLO ZESICELO DAEA REF NO: DC21/0026/2013 NEAS REF: KZN/EIA/0001256/2013

Lesisaziso sikhishwa ngaphansi komthetho wohlelo lokuvikelwa kwezemvelo owagunyazwa kumthetho ka Hulumeni owaziwa ngokuthi unombolo R543 kuya kunombolo R545 wonyaka ka 2010, ngokwenxenyane ka 24 (5) okungumthetho kaZwelonke wokuphathwa kwezemvelo ngokomthetho kanombolo 107 ka 1998. Loluhlelo oluhlongozwa uMasipala womkhandlu wase Mzumbe lokwakha umgwaqo obizwa Ntatshana endaweni yase Mthwalume ngaphansi kwa Masipala womkhandlu wase Mzumbe ongaphansi kaMasipala wesifunda sase Ugu esifundazweni saKwaZulu Natali.

Ngenxa yohlelo olungenhla, uMasipala womkhandlu wase Mzumbe, okungabahlangozi balentuthuko, benze ucwaningo-mbiko abahlose ukulufaka njengesicelo semvume kuMnyango weZolimo nokongiwa kweMvelo wakwaZulu-Natal (KZN DAEA) njengokuqukethwe emthethweni wokongiwa kwemvelo kanye nesicelo sokusetshenziswa kwamanzi ngokwemvume sesigaba samashumi amabili nanye (Section 21) somthetho wezamanzi unombolo 36 ka 1998 (Act No 36 of 1998)

UKUBUKEZWA KOCWANINGO-MBIKO OLWENZIWE

Njengengxenyane yokubandakanywa kwomphakathi, nawe-ke uyacelwa ukuba uthathe iqhaza ngokuyohlola lelibhuku lombiko-cwaningo bese uphawula ngalo. Lombiko wocwaningo uzotholakala kulezizindawo ezilandelayo:

- Ku Masipala womkhandlu wase Mzumbe, Kwa Hlongwa Community Hall , Umzumbe
- Kwi - Website yakwa Royal HaskoningDHV website: www.rhdhv.co.za

Qaphela lokhu : Ithuba onikwe lona lokuphawula ngalolucwaningo, umhlaka **11 Novemba 2013 kuya ku 08 Januwari 2014**

UNGAXHUMANA NOBANI?

Abakwa-Royal HaskoningDHV, njengabaCwaningi abazimele baqokelwe ukwenza uphenyo ngocwaningo oludingakalayo ngaloluhlelo oluhlongozwayo. Abathanda ukuzibandakanya ngokwentshisakalo nangokuthinteka kuloluhlelo oluhlongozwayo bayacelwa ukuba bazibhalise ngokuthumela imininingwano yabo (igama, isibongo, izinombolo otholakala kuzo kanye nekheli) nentshisakalo yabo kubacwaningi kungakafiki umhla **15 December 2013**. Xhumana no:

Sharleen Moodley

Royal HaskoningDHV

PO Box 55, Pinetown, 3600

Tel | 031 719 5532

Fax | 031 719 5505

E-mail | novashni.moodley@rhdhv.com



